NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2024

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA I
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER I

MARKING GUIDELINES

Isikhathi: Amahora ama-3 Amamaki ayi-100

These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates' scripts.

The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU A UKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 1.1.1 (a) Iyagqoza
(b) Masingana

1.1.2 Ngiyazi ukuthi nina lapho nihlushwa ukucimakonga thina ngapha kuseyingqinamba ngisho ukuthi uhulumeni asifakele ugesi kwezinye izikole.

1.1.3 Ingqalasizinda intuthuko eyisisekelo elethwa nguhulumeni ewumgogodla emphakathini efana nezokuthutha, amandla kagesi nokunye okwenza impilo yabantu ibe ngcono.

Isidingongqangi izinto ezibalulekile futhi eziyilungelo labantu ukuze umphakathi ube nempilo enhle njengamanzi, nokunye.

1.1.4 Imizwa yokwesaba nokuba manqika ukuyofunda emaphandleni. UPhilisiwe uzalelwe wakhulela edolobheni ngakho ujwayele impilo elula nesheshayo. Manje kuzofuneka ajwayele ukukha amanzi emfuleni angawatholi empompini. Indawo ayohlala kuyona isemuva kakhulu ngentuthuko.

1.1.5 Njengoba umphakathi wasemakhaya unakekelana nje uzomphatha kahle ukuze angasizwa isikhala sokungabi nabazali.

1.1.6
- Imiphumela engemihle ngenxa yokuntula izinsiza ezifanele ezikoleni.
- Uhlelo lokufunda nokufundisa (ikharikhulamu) ayihambisani nempilo yabo yansuku zonke ngoba okuningi bagcina ngokukufunda ezincwadini futhi bathole ukuthi ukufunda kwabo akusekelwa nasemakhaya lokhu kungenza bathole imiphumela engemihle.
- Ukungalekelelwa kwabafundi emakhaya kungaba nomthelela omubi emiphumeleni yabo.
- Ukungezi njalo esikoleni ngenxa yokusebenza emapulazini kungenza bangenzi ngendlela abakade bezokwenza ngayo ukuba beza esikoleni njalo.
- Isimo samakilasi esingekho ezingeni lokufundela kungaba nomthelela omubi ekuphaseni kwabafundi.

[Imiphumela EMITHATHU kwengenhla izoklonyeliswa]

IEB Copyright © 2024

1.1.7
- Awamaningi amaphathi lapho ingenza khona izidakamizwa nokunye.
- Ayivulelekile kakhulu kwezokuxhumana lapho ingafunda khona imikhuba emininginingi.
- Ikhula endaweni egxile kakhulu emasikweni futhi nothisha bayo ngokunjalo ngakho ayibi nayo ingcindezi.

[Izizathu EZIMBILI kwezingenhla zizoklonyeliswa]

1.1.8 (a) **Ngumbono.** Akwenzeki ukuthi bonke abantu emphakathini basizane. Kuba khona abangabasizi abanye abantu.

(b) **Yiqiniso.** Baqinisile abeluleki bezengqondo. Ukusuka endaweni yesigameko kungenye yezindlela ezisizayo nezelaphayo.

1.1.9 Ngumuntu wesifazane osuke eyinkosikazi yokuqala yenkosi.

1.2 1.2.1 Ilanga lishisa kakhulu ngakho lo mfundi uyasha futhi kunzima ukulalela.

1.2.2 Angafundisela abantwana ngaphandle.
Angavumela abantwana ukuba baphume bayophuza amanzi.
Angenza isifundo sakhe sibe sifushane.

1.2.3 Yebo. Akazwelani nabo ngoba abafundi bathi ufundisa isikhathi eside / uthethisa abafundi abezelayo esikhundleni sokuzama ukuthi isifundo sakhe basithakasele ngaphansi kwalezi zimo / akafuni bayophuza amanzi obekungenza bazizwe kangcono ngesimo sokushisa futhi bazame nokulalela ekilasini, kunciphise nokwezela.

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU B UKUFINGQA

UMBUZO 2

I-*globalisation* uhlelo oluthinta wonke amazwe omhlaba ukubhekana nokwenzeka kwezobuchwepheshe, kwezomnotho, kwezombusazwe emhlabeni. INingizimu Afrika nayo iyingxenye yalolu hlelo. Ubuhle balolu hlelo wukuthi nezwe elincane liyakwazi ukuba nezwi, kuvimbeleke ukuqonelwa nokucindezelwa ngamakhulu kwezombusazwe. Amazwe wonke ayakwazi futhi ukusimamisa umnotho wawo ngokuboleka izimali ezikhungweni zezezimali ngokwemigomo ebekiwe. Okubi nje, ubuchwepheshe benza kube lula ukusabalalisa ubugebengu emhlabeni. Namanje asikuboni ukuphathwa ngokulingana kwamazwe kwezomnotho, nezepolitiki. Izwe lethu lidinga ukuthola izindlela zokuhlomula kulolu hlelo kodwa libe liqaphile ukungatheleleki ngobubi balo.

Uzomakwa kanje:
Amaphuzu amahlanu = 5
Amagama omfundi = 3
Ukubhala isigatshana = 1
Inani lamagama = 1

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU C IZINKONDLO

UMBUZO 3

INKONDLO ENGAFUNDWANGA EKILASINI

3.1 3.1.1 Ntokazi yakwethu. Ukugcizelela umyalezo wenkondlo.

3.1.2 Kwenza isigqi senkondlo sinense ngoba ufunda uphumule ngenxa yokuvaleka kwemigqa.

3.1.3 Ukugqamisa nokugcizelela umbono nomuzwa awuveza nokuphindaphinda amagama. Kugqamisa futhi nesigqi bese kugcizelela nendikimba.

3.1.4 Ngoba bukhanya kuhle kwelanga ngakho ayikwazi ukububheka ngqo.

3.1.5 (a) Ukuthokozela isimo esithile.

(b) Ukuncisha amehlo ungavumi ahlangane nokuthile.

3.1.6 Kucacisa ibala elimpofu lale ntokazi ukuthi inebala elikhanyayo neligqamile.

3.2 3.2.1 Ikhono lembongi lokuqhathanisa umphongolo okuyisitsha esikhulu esiphuzayo ukugcwala nendlebe yendodakazi, ligqamisa ukubaluleka kokulalela okungenamkhawulo njengokungagcwali komphongolo ngenxa yobukhulu bawo.

3.2.2 Isingathekiso. Sisho ukuthi inhliziyo ibe indawo ephephile yokugcina into eyigugu.

3.2.3 Inkondlo inomoya wokukhuthathaza njengoba imbongi ikhuthaza indodakazi yayo ukuthi ilalele, ihambe ngokuqaphela iphokophele phambili nomoya wothando nokufisela indodakazi yayo impumelelo.

3.2.4 Imbongi iqonde ukuthi kufanele asebenze kusenesikhathi ukuze asheshe aphumelele ngoba akatholakali kalula umuntu onohlonze emsebenzini wakhe.

3.2.5 Umfanekisomqondo ugqamisa isithombe sendodakazi iphokophele ukufinyelela phezulu empumelelweni. Isiqongo sigqamisa indawo ephezulu kunezinye.

IEB Copyright © 2024

3.3 3.3.1 Ukugqamisa ukuthi inkomo enobisi oluningi okungafani nakwezinye izinkomazi ezejwayelekile.

3.3.2 Libonisa indlela ibele eligwanse ngakhona ukuthi ubisi seluyazichithekela nje emibeleni yenkomo.

3.3.3 Isenzukuthi esichaza into ephuma kancane engaphela noma yinini. Imbongi ikhombisa ukuthi kulo nondlini akunjalo, lwenele ubisi, luningi.

3.3.4 Ifanangwaqa. Udala imisindo emnandi kolalele ukuze amagama agcizelele umqondo nokugeleza endlebeni.

3.3.5
- Unondlini onobisi oluningi futhi uhlala egwansile.
- Imbongi ayilutho ngaphandle kwalolu bisi.
- Alomi njengoba lusaphuzisa nezizukulwane futhi imbongi isenendlela ende kodwa ngenxa yobisi lukanondlini izonqoba.

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU D

UMBUZO 4

4.1 4.1.1 Ubumnyama. Ubumnyama bugwinya ukukhaya bese beyathokoza abenzi bokubi.
Imisho yabafundi iyohluka.

4.1.2 I**jaji** kufanele **li**be nozwelo njalo ukuze **li**ngabonakalisi ukuthi a**li**zwelani namadoda.

4.1.3 (a) Isenzo esiphikayo. Sikhombisa umqondo wokulandula/ wokuphika.

(b) Isibanjalo. Sisebenze njengomenziwa emshweni.

(c) Isandiso sesimo. Sikhanyisa indlela isenzo esenzeke ngayo.

4.1.4 Amadoda amaningi akasebenzisi indluzula.

4.1.5 USobahle uthi yena watshelwa esemncane ukuthi angakhali ngoba uyindoda.

4.2 4.2.1 Ukuhlupheka uhlale weswele ikakhulukazi imali.

4.2.2 Umlungu usebenzela umndeni wabantu abansundu/umlungu ubelethe ingane yomuntu onsundu.

4.2.3 Cha ngoba uSophie akazimisele ukufundisa uLindiwe isiZulu, ubona sengathi uMadam unikeza yena nemisebenzi eqondene naye.

4.2.4 Izimpendulo ziyahluka kodwa kumele umusho uphathe umqondo wokuthi: Kusho ukudlala esikhundleni sokwenza umsebenzi.

4.2.5 Abonisa ukuthi akawuthakaseli umsebenzi wakhe, uyamcasula, futhi uzizwa ehlukumezekile.

4.2.6 'Angiyenzi leyo nto'

IEB Copyright © 2024

4.3 4.3.1 Kukhangiswa umncintiswano nokuzowinwa uma uwungenela.

4.3.2 Kuyakhanga kakhulu futhi kudonsa amehlo ezindaweni abafuna ukuthi zigqame njengegama lephephandaba, uhlobo lomncintiswano nezinto ezizohlomulwa.

Kuzogqamisa lokhu okubonakala kubaluleke kakhulu. Amagama abhalwe abamakhulu azokwenza ukuthi leyo nkulumo igqame kakhulu kunezinye.

4.3.3 Amazwi agqamisa ulimi oluhehayo nolugqugquzelayo.

4.3.4 Izinkampani ezidumile futhi ziyathandwa ngoba zisetshenziswa ngabantu abaningi, kanti nomncintiswano uzongenelwa ngabaningi.

4.3.5 Umncintiswano wesikhathi sokubuyela esikoleni, ngakho kusetshenziswe isithombe somfundi, ubuchwepheshe besimanje kanye negilosa.

UMBUZO 5

Siyaqala ukubona umshado omkhulu kangaka endaweni yangakithi**. U**mndeni wakwa**M**khize uthokozile ngokuthola u**N**omonde Mhlaba azoba umakoti wabo. Phela muhle umuntu lo futhi ubefunwa izinsizwa eziningi lapha e**B**ethamoya. Zonke zifuna ukuthandana no**Dkt.** Mhlaba. Ngeke ngiphinde ngiwukhohlwe umhla **we-14 ku**Nhlolanja ngoba simthandile **lo makoti**.

[Qaphela: Ukubhala isipelingi, nezimpawu zokuloba ngendlela efanele kuyomtholisa amamaki aphelele ohlolwayo.]

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2024